

# Msunduzi News



## ABAFUNDI ABAVELELE BAQHAMUKE EMSUNDUZI ESIFUNDENI UMGUNGUNDLOVU

Ikhasi 3



## UMSUNDUZI UQHUBA UHLELO LOKWENZA NGCONO INGQALASIZINDA

Ikhasi 4

# Izisebenzi eziyizipoki eNhlokodolobha?

### nguSiyethaba Mhlongo

**U**MASIPALA uMsunduzi osube ngaphansi komlawuli iminyaka emibili ngenxa yokwehluleka ukuhlinzeka izakhamuza zavo ngezinsiza kanye nokwantuleka kwemali kulo Mkhandlu. Usuphinde waba wundabamloenyeni cishe izwe lonke ngokuthi uholela izisebenzi ezingaziwa, eziqanjwe ukuthi izipoki. IMeya yoMsunduzi uMzimkhulu Thebolla ibe nengxoxo neBAYEDE ichaza ngezinkinga ezihlangabezana nalo Masipala oseNhlokodolobha yesifundazwe iKwaZulu-Natal nokuthi bazixazulula kanjai.

Iqale ngokuveza ukuthi kwenzekani ngezisebenzi abanazo ezili-121 ezingaziwa, nokuthi ngabe lolu daba seluxazululiwe yini.

IMeya isiphendula ithe: "Ukumiswa kokuholelwa kwalezi zisebenzi ezili-121 bekungadalwa izinkinga ezivela ngaphandle kepha bekuyisenzo sethu sangaphakathi ngoba sitholile ukuthi abantu esibaholelayo abalingani nesibalo sezisebenzi okuvuela ukuthi sinazo uma sibheka uhu lwezisebenzi lwethu, okuholele ekutheni siqale uhlelo lokubala izisebenzi zethu. Ngesikhathi sisohlelweni lokubala izisebenzi zethu, ezili-121 zehlulekile ukuza phambili ziziveze, okuholele ekutheni ngoMasingana sithathu isinqumo sokuthi imiholo yazo ayimiswe zize zivele. NgoLwesihlanu olwedlule abangama-63 bazinevile, kusele abangama-58."

Iqhube yathi lolu hlelo lutzolandelwa uphenyo lokuthola ukuthi ngabe lezi zisebenzi ziyizipoki ngempela noma kunezinye izizathu ezinqala ezaholela ekutheni zingaversezi ngoba kulaba abangama-63 abavelile bafike nezizathu eziningi ezahlukahlukene futhi eziwakalayo.

"Ezinye izisebenzi bezigula. Njengoba kunokhuvethu asisebenzi ngezisebenzi eziphelele ngakho baveza izizathu ezizwalayo, imiholo yabo seyikhokhiwe, abangama-58 ilabu abasele," usho kanje.

IMeya uThebolla ichaza ukuthi yini abazobe beyibheka uma bengacina bengavelanga laba abangama-58 ithe: "Okokuqala inhloso yetu ukuzinisekisa ukuthi asikhokheli abantu abangahlinezanga uMasipala ngezinsiza lokhu kuzosho ukuthi noma ngabe ubani obethola umholo noma obenendima ayiklamayo ukuba kukhokhelwe laba bantu uzothwala icala."



ISIHLALO SAMASIPALA: Ihholo leDolobha laseMsunduzi (Isithombe: Facebook)

Iphendula ukuthi kungabonakala yini sekukhona ababoshwayo ngenxa yalesi senzo ithe: "Uma behkona kuhkona abayoboshwa, futhi kuzodingeka ukuba sibuyelwe yile mali ebesihihola futhi sizokwazi kahle ukuthi ngobani lezo zisebenzi."

IMeya iphendula ukuthi bazoqinisekisa yini ukuthi uMasipala awuzitholi usenkingeni efanayo kusasa kanye nokuvikela indlela abakhokha ngayo ithe: "Njengamanje sisasebenza lokho, i-Organogram seiyibuyekeziwe, esinye sezizathu sokuthi sidlule kulokhu okuphoqelete ukuba kumiswe imiholo yabanye ingoba besibuyekeza

i-Organogram okuthathe imnyaka eli-10 kuya kweli-13. Njengamanje siyazi ukuthi iziphi izisebenzi esinazo futhi zenza muphi umsebenzi, okuzosisiza ekutheni sibone ukuthi imiphi imisebenzi enganabanini, sikhola ukuthi ngeke siphinde sizithole sisesimweni esifanayo siwuMasipala."



Isitatimendeni esikhishwe uMasipala sithi: "Sesifundile ngolwazi oludukisa umphakathi oluholele ekutheni nezinkampani zamaphephanda zibhale udaba ngakho. Ukuqinisekisa kwezisebenzi uhlelo lwaqala mhla zingama-30 kuLwezi ngowezi-2020 kuya zi-3 kuZibandlela. Isaziso saphuma zili-19 kuLwezi. Izisebenzi ebezenza lo msebenzi wokuqinisekisa bezivakashela izisebenzi lapho zisebenzela khona."

Siqhuba sithi: "Mhla zili-14 kuya zili-18 kuZibandlela kwagqugqzelwa lezo zisebenzi ezazingezanga ukuzoqinisekisa ukuba ziye ehhola ledolobha ziyoqinisekisa ukuthi zisekhona njengezisebenzi zalo Mkhandlu. Ukuqinisekisa ukuthi azikho izisebenzi ezsaleda ngaphandle okuyizisebenzi ezbalelwema-368 ebezisathethe ikhef NGOZibandlela, kwaphinde kwavulwa ithuba lokuba zizoziveza mhla zingama-29 kuMasingana kuya

zi-3 kuNhlolanja nyakenye lokhu okwasekungokogcina ukuba ziziveze."

Lesi sitatimende siphetha ngokuthola nokuvundulula yonke inkohlakalo eqhubekayo.

Okhulume neBAYEDE ocele igama lakhe ukuba ligodlwae naye ongaholanga eveza izizathu zakhe uthe: "Njengoba kunokhuvethu mina nginezifo ezaziwayo futhi neminyaka yami isemashumini ayisithupha lokho kuholele ekutheni ngingayi emsebenzini, ngoba isimo sempilo asivumi, ikakhulukazi mina bengisemakhaya ngibuye ngoba ngibona ningaholi. Nokho besengizwile ukuthi kunezipoki ngizwa emsakazweni, ngaxakwa ukuthi angiholi kanjani ngosuku lokuhola. Njengoba sengiyile ukuyoqinisekisa ngifike ngethula udaba lwami ukuthi angiqinisekisanga ngani. Manje sengifikile ngaqinisekisa ukuthi ngikhona sekuthiwe ngizohola."

## IHHOVSI LOMHLELI

Suite D6, Block D,  
Meyrickton Park,  
2 Meyrickton Place  
Hillcrest,  
KwaZulu-Natal,  
3610

PO Box X821  
Hillcrest  
3650

editor@msunduzinews.com

## IZIKHANGISO

Mayelana nezidingo zakho zokukhangisa ungaxhumana nathi kule nombolo: 086 511 4171 noma kule email: sales@igunundu.com

## THOLA I-MSUNDUZI NEWS

Iphephandaba uMsunduzi News litholakala eMgungundlovu namaphethelo. Uma ufisa ukuzitholela amakhophi oMsunduzi News, ungaxhumana nathi kule Email: sales@igunundu.com noma ngocingo ku: 031 765 6662 / 081 257 7392

## ISIBOPHEZELO

IMsunduzi News izinikele ekuletheni izindaba ezijiqiniso ngolimi lwakho. Izintatheli zethu ziqeqeshwe ngokwanele futhi zhiale zenza okusemandeni ukuqinisekisa ukuthi ezikubhalayo kucwaningwe ngokuphelele ngaphambi kokwethulela abafundi. Uma unombono noma izindaba obona zifanela ukushicilewa i-Msunduzi News sithinte kule mininingwane; Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392, Fax 086 511 4171, Email: editor@msunduzinews.com noma usibhaleku ku: PO Box 533, Hillcrest, 3650

## ILUNGELO LOKUSHICILELA

I-Msunduzi News ishicilelw yi-Igunundu Press, (Pty) Ltd. Konke okushicilelw kuleli phephandaba, ngisho amagama asoshicilelwani lwasemoyeni (online), okufaka izindaba nezithombe ungokwelgununu Press Images, ngaphandle uma kuveziwe ukuthi akunhu. Ilungelo lokushicilela noma ukusebenzisa okushicilelw kuleli phephandaba ngelegununu Press (Pty) Ltd, ngokomthetho i-Section 12(7) of the Copyright Act of 1978. Imibono eshicilelw kuMsunduzi News akuyona eyoMhleli, abasebenzi noma abashicileli baleli phephandaba.

## UKUCOPHELELA

Uma ubona amaphutha ezindabeni esizilobile, siyacela ukuba usazise ukuze siwalungise. Engaqhishinta ngenye yalezi zindlela ezingezansi. Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392, I-fax: 086 511 4171, I-email: editor@msunduzinews.com Ikheli: PO Box 533, Hillcrest, 3650

## Ithimba loMsunduzi News

Umhleli Sabelo Mbatha

Umhleli Wezindaba Zakhele Nyuswa

Umdidiyeli Zweli Xala

Ukuhanjisa Kwephepha Mnyamezelu Mtaka

Izintatheli Siyethaba Mhlongo

Anathi Mtaka

Luvuyo Thahla

 @MsunduziNewsOfficial  @MsunduziNews  editor@msunduzinews.com



**UMA UNOMBONO:** Thumela imibono yakho kuleli kheli: Suite D6, Block D, Meyrickton Park, 2 Meyrickton Place, Hillcrest, KZN, 3610. Incwadi yakho kumele ibe negama nekeli lako futhi ineqiq emagameni angamakhlu amathuthu. Incwadi kumele ifinyelele kuMhleli lingakashayi ihora lesihlanu ngemiSombuluko.

**EMAIL:** editor@msunduzinews.com **FAX:** 086 511 4171. Umhleli unelungelo lokufunga incwadi ebhawle yeva eranini elibekwi lamagama.



UMsunduzi News uzinikele ekusebenzeni ngaphansi kwemigomo yePress Council yakuleli, ethi izindaba kumele zibkwe ngokwenginiso, ngokucophelela, ubulungiswa obuhambansa nokunkwa kwethuba kwabathintekayo. Una uso ukuthi le migomo asiyalindeli ngendlelo, xumana noPress Ombudsman ngokubhalela ku-2nd Floor, 7 David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 noma ku-PO Box 47221, Parklands 2121. Ungathumela ne-email ku-pressombudsman@ombudsman.org.za. I-website iwww.ombudsman.org.za

## UKUSIMAMISWA KUKAMASIPALA

## UMnyango ulekelela uMsunduzi

## nguSiyethaba Mhlongo

**U**MPATHISWA woMnyango Wezokubusa Ngokubambisan Nezindaba Zomdabu esifundazweni iKwaZulu-Natal uSipho Hlomuka uvakashele uMasipala uMsunduzi eyozwa izikhalo zomphakathi kanye nezingqinamba uMasipala obhekene nazo ikakhulukazi ngendlela yokukhoka.

Uhlomuka ufile izakhamuzi sezimulindlele ukuba zizokwethula izikhalo zazo. Izakhamuzi sezisungule amakomiti abakhokhi bamareyhi, abekhona bekuyiGreater Edendale Residents Association (GERA) kanye neWoodlands Rates Payers Association (WRPA).

Abakhale ngakho bekuwuhlelo olusetshenziswayo abakhola ukuthi izisebenzi zikaMasipala azisayi emizini yezakhamuzi ukuthi ziyobheka izinombolo emamitheni kepha seziyaqagula. IWRPA ithe yona ifuna ukungenelela ibe ingxene yeohlelo iSAP nabo baqhamuke nezixazululo.

UMnu uGart Rampaul weWRPA uthe bafisa ukubamba iqhaza banikele ngesikhathi sabo ukuba balekelele uMasipala kepha izisebenzi zikaMasipala ziabavimba zikhala ngokuthi azikwazi ukweqa ipolitiki ngoba kunemigudu okumele ziylandele uma ziya emphakathini. "Izakhamuzi zicasukile, sikhulumile neMeya neMeneja uMnu uKhathide kanye noMlawuli uMnu uDuma. Sinamaqembu ali-14 wonke azimisele ukulekelela uMasipala," kusho isakhamuzi uRampaul.

Uhlomuka wazise izakhamuzi ukuthi kumele zilandele imigudu bese ziya eHhovisi leMeya ngoba iMeya inomgomgo weHhovisi elivuliwe lapho izakhamuzi zivumelekile ukuba zikhulume naye



## BANKING HALL

**UMphathiswa uHlomuka ehambele eMsunduzi eyozwa izinkinga zomphakathi** (Isithombe: Igundu/nguSiyethaba Mhlongo)

futhi zibe ingxene yeziyazululo ezinkingeni ezibhekene noMsunduzi.

"Kumele singaxabani kepha sisebenzisane noHulumeni, ingakho nathi size lapha ngoba uHulumeni ngowabantu. Okuyingxene yala maphepha eniwaphethe sizowasebenzisa ukuthi kuqhanyukwe nesisombululo," kusho uHlomuka.

IMeneja yedolobha uMnu uKhathide icacisa ukuthi kwenzenkeni ithe: "Besisavinje imgudu okumele ilandelwe lapho kumele sibandakanye ikhansela. Sivumile ukuthi sizozihambisa izisebenzi zethu kodwa ikhansela lewadi lathi alithintwanga ngendlela. Sazithola sesiphakathi kodweshu Iwepolititi okuyinto esingafuni ukuzithola kuyona njengezisenbeni."

Uhlomuka egcizelela kulokhu obekushiwo uKhathide uthe: "Kumqoka ukuba kulandelwe imigudu ikakhulukazi leyo

yepolitiki ngoba uma kungenazinzo lwezepolitiki kuzothikameza ukusebenza kukaMasipala. Kumele kuqinisekiswe ukuthi amakhansela aba yingxene yazo zonke izinto ezenzakayo ngoba kusasa zingalwa nezisebenzi ukuthi kungani zibhekana nento abangakaphenduli kuyona."

UNkk uJeanette Molefe weGERA obephethi iphephandaba langowezi-2011 lapho kusanguMeya uChris Ndlela uthe uMaspala wababela imali engangezigidi ezingama-R57,7 eyatshelwe iGreater Edendale.

"Sithola ukuthi sikweleta imali ephezulu kakhulu sicela MEC ungenelele, kuze kuge yimanje ayikho into eyenzekayo," kusho uNkk uMolefe.

Uhlomuka uthe okubaletu eMsunduzi balawula uMthethosikelo ukuba beseke oMasipala iSigaba 154. "Izinkinga ezipakanyiswe ezindaweni eziningi ezhilasele lo Masipala

inkinging yemali ekhokhwayo, edalwa izakhamuzi ezingakohki. Uma sikhuluma nabo bathi ingoba abahambisanalokhu okufika neBill. Siyaqinisekisa ukuthi zikhona izinguquko uma siqathanisa nesikhathi sasicina ukuxhumana noMasipala," kusho uHlomuka.

Uthi okunye abebekuhola ukuthi izisebenzi zikaMasipala zikhuluma kanjani nezakhamuzi ngoba uma izakhamuzi zingaphatheki kahle ngeke zikhokhe. "NjengoMnyango izisebenzi zethu ziyawulekelela uMasipala zihlangene noMlawuli njengoba bengaphansi kweSigaba 139 (1b), uMlawuli uyaqinisekisa ukuthi okwenziva uMasipala kuhambisana nomthetho," usho kanje. Utthe banxusa izakhamuzi ukuba zikhokhele uMasipala ngoba uma zingakwenzi lokho kuzodala ukuthi uwe, uphinde ungakwazi ukuhlinzeka umphakathi ngezinsiza kanye nokwenza imisebenzi ehambisana nentuthuko emphakathini.

Sekuphele unyaka uMasipala wakhipha isitatimende sokuthi banenkinga yokusebenza kukaSAP. UMaspala ubungakathathi zinyathelo zomthetho ngenkampani eyafaka lolu hlelo iDOH njengoba bakhokhela umsebenzi ongenziwanga, njengoba kunezinto ezhidayo kulolu hlelo olwena kuge nzima ukuthi lusebenza.

IMeya iphendula ukuthi ngabe uMasipala uzozithatha yini izinyathelo kuDOH ithe: "Kumele sizithathe izinyathelo ngoba kumele sikhumbule ukuthi le nkampani yasayinda inkontileka. Ukushoda komsebenzi kusho ukuthi kunento abangayilandelanga enkontilekeni ngoba ukuhluleka ukuhlinzeka okwakuvunyelwenwe ngakho lokho kuwukwephula isivumelwano sokusebenza."

## Kulungiswa udaba IweCall Centre

## nguSiyethaba Mhlongo

IMeya uMzimkhulu Thebolla ithi isizizwile izikhalo zezakhamuzi ezinkundeni zokuxhumana ngezinkinga eziyehlangebazana nazo eCall Centre yaseMsunduzi. UMHlonishwa uRavi Pillay ngesikhathi esewuMphathiswa woMnyango Wezezimali naye uthe uzoba ingxene yesizazululo njengoba ephinda eba nguDistrict Champion waseMgungundlovu.

UMHlonishwa uPillay uthi akutholile nokumqoka ekusebenzeni kwale Call Centre izitulo ezingekho esimweni esigculisayo ikakhulukazi njengoba besebenza amahora ali-12. "Lezi zisebenzi zidinga izihlalo ezisesimweni esingazicindezelu empilweni yazo. Ezinkingeni zobuxhakaxhaka njengoba izisebenzi zithi izingcingo zibuye zizicishe. UMASipala kumele uzibophezele ukuthenga izingcingo ezisesimweni. Okumqoka ukuthi kulungiswe indlela yokusebenza ngobuchwepheshe, kube nendllela yokusebenza elu nokuxhumana okulula phakathi kweminyango njengoba imukezelana ngemisebenzi," usho kanje.

Uqhube ngokuthi akutholile ezisebenzini ukuthi azihlelekile ngendlela.

"Siyakuqonda ukuthi izwe livaliwe ngenxa yokhuvethi njengoba izisebenzi zincishisiwe kumele zihloniphe umthetho wokuvalwa kwezwe nemithetho enjengokugcina



**IMeya uMzimkhulu Thebolla noMHlonishwa uRavi Pillay**

(Isithombe: nguSiyethaba Mhlongo)

ibanga eduze komuntu kepha njenge unit emqoka kanje kumele kuge nendllela elungile yokusebenza. Ngizocela IMeneja yale unit ilungise umbiko ozokhuluma ngale unit nezizazululo sibone ukuthi siya kanjani phambili sineMeya."

IMeya uThebolla ithe: "Kumele silungise indlela yethu yobuchwepheshe yokusebenza (IT System) asikwazi ukuthi idolobha elikhulu kangka njengelethu eliphinde libe inhlokodolobha yesifundazwe bese sikhala ngendlela yobuchwepheshe. Udaiba IweCall Centre sizolusebenza ngoba siyazi ukuthi kumele siqale endleleni yokuziphatha ezisebenzini zalapha njengoba amakhasimende ethu sekukhona izisebenzi abazazi amagama azo, ngokuziphatha okungekuhle, siyazibophezelu ukuthi

lokhu okuzokwazi ukulungiseka ngokushesha ukuze nezisebenzi zizizwe zisendaweni yokusebenza sizokulungisa."

Iqhube ngokuthi uMkhandlu wamukale umnikelo wamatablet ekholwa ukuthi kuzolekelela ekutheni kuge nendllela elula yokusebenza eCall Centre. OyiMeneja yophiko Lwezokuxhumana Nobudlelwano Ngaphakathi kuHulumeni uNks uThobeka Mafumbatha uthe: "La matablet siyakhulwa ukuthi azolima indima emqoka ekulekeleleni ukuthi umsebenzi uqhubeku njengoba ezobe esebebenza ubuchwepheshe. Esisakuhlelile ukuthi kuqeqeshwe izinduna, bese zidluliselu ulwazi ezisebenzini. Ukusebenza kwalolu hlelo luzobe lunjengeWhatsApp, lapho umphakathi ungakwazi ukudlulisa lokho ofisa ukukudlulisa

kuMasipala."

OyiSikhulu Esiphezulu se-Unit iHuman Resources uNkk uFaith Ndlovu uthi bazimisele ukuxazulula izinkinga ezbhekene neCall Centre. "Kwaqala kwaba izinkonondo zeShift Allowance, sakulungisa. Engingakugqugquzela ezisebenzini ukuthi noma engabe zinezikhalo kepha azidlulise izikhalo bese beqhubeka nomsebenzi ngesikhathi kusalungiswa lolo daba."

Uphinde wathi okumqoka ukumele uMasipala ukulungise ukuxhumana ngendlela phakathi kweCall Centre kanye nezinduna ezsuke ziyolungisa lapho kunenkinga khona.

"Sisazama ukuqhamuka nendllela ezokwenza kuge lula ukuxhumana phakathi kwalabo abayosebenza ngoba ilokho okuthukuthelisa izakhamuzi zingazi ukuthi kuzothatha isikhathi esingakanani ukulungisa leyo nkinga. Nanokuthi izisebenzi seziyalusebenza yini lolo daba." UMnu uPillay esesonga umhlangano uthe: "Emveni kokuba sesizilungisile lezi zinkinga uma sike sathola ukungaziphathi kahle kwezisebenzi lezo ezbibandanekeyo seziobhekana nokuqondiswa ubugwegwe. Ngoba asikwazi ukuqondisa ubugwegwe izisebenzi singakazilekelu ukuthi nazo zibe sendaweni yokusebenza esesimweni. Nathi futhi kuzomele siguliseke ukuthi siyidlalile indima yethu."

# Abafundi abavelele baqhamuke eMsunduzi esifundeni uMgungundlovu

**nguSiyethaba Mhlongo**

PHUMILE imphumela kamatikuletsheni wekilasi langowez-2020. Obekuyi kilasi elifunde ngaphansi kobunzima kanye nangendlela eyehlukile kunale eseyithathwa njengesikompilo lokufunda ngenxa yokhuveth.

Esifundeni uMgungundlovu abafundi baseMsunduzi yibo kuphela abahambe phambili kubafundi aba-5 abaqhawakele phezelu. Obe ngowokuqala nguPrayasta Haridas obefunda ePietermaritzburg Girls High School, olale isi-2 ngu-Ahmad Bayat obefunda eRaisethorpe, olale isi-3 nguDeepika Sirkar obefunda ePietermaritzburg Girls High School, olale isi-4 ngu-Ishalin Maharaj obefunda eMaritzburg College, olale isi-5 ngu-Andiswa Mzolo obefunda Esiqongweni High School.

Ophume phambili ezikoleni Quintile 5 uPrayasta Haridas uthi okumuuhlabe umxhwele ngemfundo yakhe ukuthi ngonyaka wezi-2020 ilapho aphuma phambili esikoleni sakhe kwaba nguye obaqwaqwade emakhanda ngenkathi bebungaza lowo mcimbi ngoMandulo.

“Kunzima ukuphawula kakhulu ngesikole ngoba besingayi esikoleni, bekungukunikwa umsebenzi ngobuxhakaxhaka. Izingqinamba engihlangabbezane nazo ngokufunda ngaphansi kokhuvethu ukuzithola kumele ngiziqoqhe, ngigxile emfundweni yami nangesikathi semvalelwakhaya,” kusho uPrayasta.

Uqhube wathi; “Nangesikathi semvalelwakhaya ngangivuka ngovivi, ngizigqugquzela mina ukuba ngigxile ezifundweni zami, ukuze ngizuze lokhu engifisa ukukuzuza.” Uthe afisa ukukudlulisa kubafundi abenza umatikuletsheni kulo nyaka ukuthi; “Kumele nigxile kwenifisa ukuba yikho. Ningazidabukeli noma nixkeke ukufunda ngobuxhakaxhaka



Iqholo loMsunduzi: Abafundi abaphume phambili ezivivinyweni zikamatikuletsheni zowezi-2020 (Izithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

nothisha abangakwazi ukusebenzia amakhompyutha noma yena uqobo umfundi akakwazi ukusebenzia ikhompyutha. Kumele uzibambele ngoba akukho okuqinisekisiwe kulesi sikhathi samanje futhi awazi ukuthi kusasa kuzokwenzekani.”

Uthe izifundo ayozenza kulo nyaka iMechtronics eNyuesi yaseStellenbosch. “Kulo mkhakha kuhlanganiswa iMechanical Engineering ne-Electrical Engineering. Kusetshenzwa kakhulu ngamarobhotti. Okusemqoka nje ngakho ukwenza izinto ezingazisebenzela zingalekelela ngumutu,” usho kanje.

Uthe njengoba yena ebessesikoleni esingcono cishe esinakho konke umyalezo afisa ukuwudlulisa kulaba bafundi abakulezi zikole ezingaphansi ngokwezinga uma kuqathaniswa nesakhe ukuthi; “Umuntu ngamunye akazame ngakho konke okusemandleni ukuthola lokhu okumsebenzelayo. Nihlezi nicela usizo ngoba iyona kuphela indlela

ezokulekelela ekutheni uzuze lokhu ofisa ukukuzuza.”

Ophume phambili ezikoleni ezikuQuintile 3 u-Andiswa Mzolo obefunda eSiqongweni uthe unyaka wezi-2020 umfundise ukubekezelu, nokuzimela. “Ngizithole sengifunda ngempilo yasenyuvesi ngoba bengizenzela mina ukufunda bengingasancikile kothisha. Zonke izinsiza zokufunda bekumele ngizihlanganisele. Engigcine ngikufundile kunakho konke ukuthi ukubekezelu kunomvuzo ekungcineni,” usho kanje.

Uthi izingqinamba ahlangabbezane nazo ngonyaka wezi-2020 ukungabi nesiqiniseko sokuthi ngabe bazozibhalu yini izivivinyo zokuphela konyaka, lokho bekumudida futhi kumehlisa nomdlandla. “Ukhuvethu luguque indlela yokufunda eyejwayelekile lapho ebekumele sibuke nethelevishini ukuthi basifundansi. Njengoba sibe ngumatiquletheni wokuqala wokufunda ngaphansi



kwalesi simo laba abasilandelayo kuzomele bazi ukuthi akulalwa kulesi simo kusuka ngosuku lokuqala lonyaka. Bengifunda ubusuku bonke bengize nighlale ngifikasi sekndlule isikhathi esikoleni. Ubuthongo umfundu uzoze abuthole ngoZibandlela sekuphela unyaka eselinde imphumela ukuzibona ukuthi ngabe usebenze kanjani. Isikhathi sokhuvethu sizophinda siqequeshe abafundi ukuthi abangathathu imfundu yabo bayincikise kothisha. Izinsiza kuzomele abafundi bazitholele, futhi uma bengena ku-inthanethi bazokuthola mahhala ngenxa yokuthi kunokhuvethu,” kusho u-Ayandiswa.

Uthi izifundo afuna ukuzenza kulo nyaka ngezobudokotela eNyuesi yaseStellenbosch. “Ngikhethi lo mkhakha ngoba umama ungikhombise ukuthi uthando nozwelo kwabanye abantu ikhona okwakha umuntu. Nami nganquma ukuthi ubudokotela umkhakha okwenza ukuthi ube

nothando nozwelo kwabanye abantu, ngiyathanda futhi ukuxhumana nabantu,” kusho yena.

Eselanda uthe isikole besibahlelela lapho kumele bayofunda ngemikhakha eyahlukene, okwamugqugquzela kakhulu ukuthola ukuthi ubudokotela bungeminye yemikhakha edingekayo lapha eNingizimu Afrika futhi noNgqongqoshe Wemfundu ephakeme into ayigqugquzelayo ukuthi intsha ikhethe imikhakha ngokukwesidino.

“Sithanda ukubonga uHulumeni nabazali, yize kade benokwesaba, ngokuthi basiqqugquzele sifunde. Yingakho namhlanje sithole nemiphumela emihle baphinde bahamba nelinye igxathu la besihlinzeka nangezinsiza kufunda sizithola sesinotishha nasemisakazweni. Emndenini sicela nibeseke abafundi siyazi anisizona izigwili futhi nedatha iyabiza kepha iyadingeka kulesi sikhathi samanje,” kusho u-Andiswa.

# UMsunduzi ugqugquzela imikhakha eyahlukile

**nguSiyethaba Mhlongo**

ONGOTI bathi ezokuvakasha zinamandla okufukula umnotho waseNingizimu Afrika. Ezokuvakasha eNingizimu Afrika iyona mboni edale amathuba omsebenzi amanangi uma iqhathaniswa nezolimo, ukwakhiwa kwezimoto, ukwakhiwa kwamakhemikhali kanye nezimayini. Balinganisela esi-1 500 000 abaqasheke ngaphansi kwemboni yezokuvakasha. NoMsunduzi uyingxene yale mboni.

USihlalo wentsha eMsunduzi iKhansela uNtuthuko Ntshangase ophinda abefundi abangabaqungiziphuzo (bar tenders) asebeyothunyelwa ezindaweni lapho bezoqeqeshwa khona, bathole ulwazi ukuthi bazithaka kanjani iziphuzo ezechla esiphundu. Lo msebenzi wokufundisa laba bafundi beweneka ngaphansi kophiko iYouth Office yaseMsunduzi.

Ngesikhathi esekhipha laba bafundi beya ezinkamanini ezahlukene uNtshangase ubayale ukuba baziphathe kahle bazi ukuthi sebeyoba isibuko soMsunduzi lapho beyosebenza khona. “Umkhakha wezokuvakasha uyanidinga, okumnandi ukuthi nenza umkhakha owehlukile. Lapha eNingizimu



USihlalo wentsha eMsunduzi iKhansela uNtuthuko Ntshangase ekhipha abafundi abalekelelwu uMsunduzi beya ezindaweni ezahlukahlukena eziboaqeqesha ngokuthaka iziphuzo. (Izithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

Afrika kuthiwa abekho abantu abakwazi ukuphaka, okungashio ngoba bengakwazi ngempela kepha ingoba abekho abaneziqo zakho, sebeze bayolandwa kwamanye amazwe, liyasiyalibisa leli gebe enilivalayo kule mboni,” kusho iKhansela uNtshangase eluleka abafundi.

Echaza ukuthi kusho ukuthini kuyena ethumela abafundi baseMsunduzi emkhakheni ongandile kuphinde kwakhwa osomabzhizini uthi: “Lokhu kusho ukubuya kwethembu kubantu

abasha baseMsunduzi, kusho ukuthi uMasipala ubakhathale abantu abasha, lokhu kuwukuvuleka kweminyango nokwanda kolwazi.”

Uthe kuyisifiso sabo ukuthi bonke abantu abasha bathole amathuba ngesikhathi esisodwa kodwa ngenxa yeziinsiza ezinganele ingakho kwensiwa ngamaqoqo. “Izinlelo ezingengalezi ezilekelela intsha ukuba ingene emikhakheni engandile, sethemba ukuthi izogqugquzela nentsha ukuba ikhuphule izinga futhi noma ikhetha imikhakha iyikhetho ngobuchule,

ikhetho engeke ibalambise,” usho kanje.

IMeneja yaseYouth Centre uNkk uSbongile Mchunu isike elijikayo kulaba bafundi yathi: “Ngicela nazi ukuthi ukhuvethu lusekhona, nifake izimfonyo njengoba nizobe nisebenza ngabantu. Ngicela niziphathe kahle endaweni yokusebenza khona bezokwazi ukuthi banithathe nibasebenze. Siyazi ukuthi abanye banesifiso sokuzisebenza kodwa futhi abanye bazoqashwa, sicela niziphathe kahle, uma nenza okungalunganga

kuzobuyela kuMasipala. Nina (esho abafundi) niyiqembu lesine esilikhiphayo laba abangaphambilini asikaze sithole izinkinga ngabo. Nazi ukuthi uma ningenza okubi ningonela nalaba abanye abazayo abanesifiso sokuhlomula kulolu hlelo.”

UNks uHlengiwe Khwela oyisisebenzi seTourism World okunguye odidiyela uhlelo lokusiza abaze ebha uthe umphathi wakhe uke athi akusikhona ukuthi intsha ayinawo amakhono kepha ayiqasheki. “Intsha iyafunda kodwa akwanele ayilitholi ithuba lokuzibonakalisa, lolu hlelo lubanikeza lelo thuba. Manje uthola iziqu kuthiwe ukuze uqashwe kumele kuge usuke wasebenza iminyaka emibili kuyaphezulu, uyithathaphi? Ugcine ungawutholanga umsebenzi.”

Uqhube wathi umsebenzi weTourism World ukubafundisa bese ubatholela inkampani eziboaqeqesha, ukuthi bayaqashwa yini sekuncike enkampanini, okuzobhekwa nokuziphathe komfundu kanye nokuthi inkampani inayo yini imali yokumuqasha lowo mfundi. “Sizimisele ukusebenziana noMasipala ukulekelela intsha ngoba umsebenzi wethu uncike ekutheni uMasipala usebenza kanjani, uyayithola yini intsha,” kusho yena.

# UMsunduzi uqhuba uhlelo lokwenza ngcono ingqalasizinda

## nguLuvuyo Thahla

**U**MASIPALA uMsunduzi usalokhu ulusebenze njalo ngokuzikhandla udaba lokulgisa ingqalasizinda yawo yize kusenomqansa ukufinyelela ekunqobeni. Ezinye zezinkinga ezhilasele uMsunduzi ezithinta ukuphela kukagesi, okudalwa ingqalasizinda endala, abantu abakokotela ugesi okuze kuholele ekutheni kuqhume ngisho neziteshi zikagesi ezincane, imigwaqo engekho esimweni esigculisayo, kuphinde kube ukwenuyuka kwsibalo sabantu abakha ngaphansi kwalu Mkhandlu.

IMeya yoMsunduzi, u Cllr. Thebolla Mzimkhulu uphawule ngezinhelelo zalo Mkhandlu zokuthuthukisa ingqalasizinda ezifaka nesimo esigangculisi sokuphakelwa kwamanzi.

"Lesi simo sengqalasizinda esindala sisibona ngokwanda kokunqamuka kukagesi, izikhawu zokuntuleka kwamanzi kanye nesimo esingagculisi semigwaqo yethu egcweli imigodi etingozi," ibeke kanje iMeya.

IMeya ithi ekulungiseni le nsindabada yengqalasizinda, kusemqoka kakhulu ukuqhakambisa izindlala zokuxhumana nemiphakathi, osomabhinizisi bendawa kanye nababambisene noMkhandlu ekuthuthukiseni ukwenziva ngcono kwezimpilo zomphakathi waseMsunduzi. Ithi kuko konke lokhu uMkhandlu uzolandela uhlelo Iwentuthuko kaMasipala. Lokhu kuhlanganisa izinhlelo zesikhathi esifushane kanye naalezo ezizothatha isikhathi.

Umhonishwa uMzimkhulu uthi, mayelana nogelana noMsunduzi



UMnu uMonde Bala. (Isithombe: Twitter)

usuqalile ngezinhelelo zokulgisa enye yengqalasizinda kagesi okuhlanganisa izintambo ezinthsa zikagesi, ukulungisa izikhungo ezincane zikagesi kanye nokukhculula lapho kuhamba khona ugesi.

Lolu hlelo luhambisana nokususwa kwezintambo ezixhunywe ngokunethetho kanti futhi sekutshalwe nonogada kwezinye izindawo ezithathwa njengezinenkinga kakhulu. UMAsipala usafuna uxhaso Iwezimali lokuthuthukisa ingqalasizinda kagesi ebambiseni no-Eskom. Lokhu kuzoholela ekwandisweni kokusabalalisa kukagesi

ikakhulukazi lapho kuhla iningi labantu khona.

Umhonishwa uMzinmkhulu uthi, mayelana nokuthuthukisa kwemigwaqo, umkhandlu usuqoke inkampani esizamile ukuvala izixinti emigwaqeni kepho lokhu kuphazanyisa izimvula ezina kakhulu endaweni. Ngaphezu kwalokhu, kusho iMeya, uMkhandlu usezinhelelweni zokufaka kabusha itiyela emigwaqeni emikhulu uMsunduzi wonke.

Lokhu okushiyo yiMeya kufakazelwa izikhulu zika-Eskom kanye nezikMasipala.

UMqondisi wezokuhlinzeka ngogesi (Executive Director of

Distribution) kwa-Eskom, uMnu uMonde Bala (osesisithombeni), uvakashele uMsunduzi ukuyohlola ukuthi bangawelekelela kanjani enkingeni yokwehluleka ukuhlinzeka izakhamuzi zavo ngogesi.

Kulo mhlangu kuxoxwe ngokuthi bangasebenzisana kanjani futhi babone ukuthi yiziphi izinto ezimqoka uMsunduzi okumele uziibeke eqhulwini ukuze izakhamuzi zihlinzewe ngogesi ngendlela efanele.

Obambe njengesikhulu sengqalasizinda eMsunduzi, uMnu uBrendon Sivpassard, uBala usuke emahhovisi amakhulu akwa-Eskom eGoli ukuzoxazulula izinkinga

zaseMsunduzi.

"Kube nokungenelela kukaShampeni Wesifunda uMhonishwa uRavi Pillay, ezingoxwena eGunjini Lokudingida (War Room) wathi kumele kutholakale umuntu ophezulu wakwa-Eskom, bese kuhalanganiswe imiqondo. Wabe esethinta abapehulu ukuze kuxazululwe lezi zinkinga. Sebevakashele amaSubstation ama-3 ngoba befuna ukuzibonela ukuthi kwenzekani, yini eyinkinga. Ufike neqembu lakhe, kubwala nezincithabuchopho uma kuziwa ngakugesi asebelekelela iqembu lethu ukuthola ixizazululo," kusho uSivpassard.

Uqhubhe wathi inhlosu ukusebenzisana. "Sifuna ukugcina yonke indawo inogesi ngoba uma kusokola izakhamuzi kuzolimala nathi ngoba kuzothikamezeka nemvume yethu yokuhlinzeka ngogesi kwa-Eskom."

UBala uthe: "Kulandela umhlangano esaba nawo noMhonishwa uPillay kanye noNgqongqoshe woMnyango Wamabhzinisi kaHulumeni uMhonishwa uPravin Gordhan, kanye neSikhulu Esiphezulu uMnu u-Andre de Ruyter sivumile ukuthi sizolandelela izinkinga idolobha elibhekene nazo. Sathi sizofika njengo-Eskom silekele. Kimina kubalulekile ukuthi sibe nalo mdlandla wokusebenzisana ngoba njengoba eseshilo uMnu uSivparsard ukuthi uma kulimala izakhamuzi kulimala yonke into emqoka nokusebenza kwezinto ezimqoka. Sizokwenza konke okusemandleni ukuthi isimo sisibeki ksesivumelekile bese siqinisekisa ukuthi umnotho wendawo siwugcina ulokhu uqhubeku njalo ukwakheka."

## INQALASIZINDA

# UMsunduzi uthuthukisa i-Edendale

## nguSiyethaba Mhlongo

MKHULU umehluko phakathi kwezindawo ezazihlala abantu abacindezelele nababekhululekile ingakatholwa idemokhrasi kuleli. Lokho kusukela ngesikhathi saphambilini lapho laba ababengacindezelele behlala ezindaweni eziphucuzekile. UMsunduzi ube senhlanhneni yokuthi ube kwabokuqala ohlelweni oluqhamuke noHulumeni kazwelonke lokuthuthukisa izindawo ezazicindezelele.

Isikhulu seGreater Edendale Vulindlela Development Initiative (GEVDI), uMnu uNarain Singh, silandise iBAYEDE ngezinhelelo abanazo ukuthuthukisa i-Edendale, eMgungundlovu, belekelela uMnyango Wezezimali kaZwelone.

USingh uthi kunezinto eziningi eziyinxakanxaka okwedulwu kuzuna ngaphambi kokuthi kubonakale sekusetshenzwa kulethwa intuthuko.

"Lo msebenzi owenziwayo ubalwa nokuthumela amaphepha okuhlangabezana nomsebenzi okumele siwenze. Kulo msebenzi wase-Edendale wokwakha idolobha sesikuphouthulile okunye.

Njengamanje nje sekwakhwa umgwaqo ongena ohlelweni lokwakhwa kwaleli dolobha okuyimgwaqo ecusha kuleli dolobha," kusho uSingh.

"Inhoso yaleli dolobha ukwakha inqolobane yomnotho e-Edendale. Kuphinde kuthuthukiswe nendawo. Lokhu sizokwenza ngokusebenzisa lokhu okukhona njengezinxanxathela zezitolo ezimbili, izibhedlela ezimbili ezikhona, ifemu yokwakha icathulo, isiteshi samaphoyisa kanye neNyuesi. Okuyizinto ezimqoka ezeseka idolobha," usho kanje.

Uqhubhe wathi: "Manje sifake isicelo kuMnyango Wezokuthutha esifundazweni ukuba basivumele ezinhlelweni esinazo ezisolawula izimoto ukuba zizohamba kanjani. Saphinda sahlela ukuthi amanzu azohamba kanjani. UMAsipala usuzenzile izinhllelo zokuthi bazohalalisa kanjani abantu njengoba kunemizi eyakhele lezi zinxanxathela sikhulumu nje."

Uthe leli dolobha lizoba neradius engama-800m okusho ukuthi uma uhamba ngezinyawo kuba imizuzu eli-10. "Leli dolobha elincane lakhelwe ukwelekelela abantu abahamba ngezinyawo,

liphinde lithuthukise osomabhizinisi abancane njengoba sikhulumu nje kunabantu abadaya ematafuleni abahlakazekile ngakho-ke lolu hlelo luzobahlanganisela endaweni eyodwa nabo bazibone ukuthi bayalekelela uHulumeni phezu kokuba sekulethwe izitolo ezinkulu kubantu," kusho yena.

Uthe lo msebenzi uzohukaniswa ngokwezigaba. Isigaba sokuqala esokwakha imigwaqo ezohamba phakathi edolobheni, esesibili esizoqala okuwukwakha indawo yosomabhizinisi abancane, ukwakha ibhulohu eliwela ngokuphephile abantu abeqa umgwaqo omkhulu uSelby Msimang okuyiwo owakhiwayo kuhlelo i-IPTN nokwakhiwa kwendawo yomphakathi (Public Square). "Okumele sikuacise ukuthi izakhamuzi uma zisibuza ngokuthi kwenzakalani ngokwakhiwa kwaleli dolobha sikusho ngokugananazi manje ukuthi seliyakhiwa, isigaba sesi-2 sisodwa sibalewa ezigidini ezingama-R250," usho kanje.

Uthe akusiwona umsebenzi olula ukuthi uMnyango Wezezimali ukhiphe imali engaka kepha kumele uboniswe ukuthi lo mqondo uzosebenza kanjani futhi abantu

bazolekeleleka kanjani. Njengoba kunezinxanxathela zezitolo ezimbili, echaka ukuthi ngabe ukwakheka kwazo kwakuvele sekusezinhelelweni zokwakha leli dolobha yini, uthe: "Cha, lezi zinxanxathela zezitolo zabekwa laphaya ukuze zizothola abantu, nokubheka ukuthi abantu bahamba kanjani. Esikwenzile sihlaziye izinto eziningi, sabona ukuthi asengeze kokukhona, lezi zinxanxathela zezitolo zeskwe yilezi zinto esesihloze ukuzakha."


Uthi uMsunduzi ube ngabokuqala kuHulumeni ukuba baqhamuke nohlelo lokuthi bazoyilawula kanjani le ndawo, okubala phakathi ukunqunya kotshani, ukuyinakelka nabazophinda basebenzisane nabo, uhlelo Iwentuthuko, kuphinde kubhekwe ukuthi uma bethola imali bazoyigcina kanjani indawo ingephophile.

USingh uthi okungalindeleka kuleli dolobha ukwakhiwa kwezindawo zokuhlala, kugelelo nolokishi elibuketayo, kuedwe imjondolo. "Siphinde safaka i-Information Communication & Technology (ICT) ezofaka yonke iMnyango kaHulumeni. iMeneja yedolobha isibhalele yonke

iMnyango ukuba ithathe izikhala ezizoba khona kulesi sakhiwo, kanjalo neminye iminyang emqoka kaMasipala, okusho ukuthi uHulumeni uzoza ukuzolekelela abantu emphakathini wabo," kusho uSingh.

Uthe ezinye zezizatu zokwakha leli dolobha ukqedza ukungalingani emphakathini, kungahlale kwaziwa ukuthi abasezindaweni zabdalda izambane likapondo banakho konke, inhlosu ukvala lelo gebe. "Okusasibamble okuncane ukuthenga omunye umhlaba ongaphansi komuntu ukuze lolu hlelo luqhubeke kahle, ngoba asikwazi ukwakha emhlabeni okungewona owethu," usho kanje.

USingh uthi inhlosu ukwelekelela abantu base-Edendale, kuphinde kunciphe abantu abaya edolobheni. "Kumele sikusho ukuthi leli dolobha elakhiwayo alilwisanu nelikhulu kepha ukusondzelza abantu base-Edendale njengoba nezindleko zempilo senyukile. Nemali yokugibela itekisi isingama-R30 ukuya nokubuya, okuyimali engalekelela abantu njengoba isimo somnotho singesihle, ekugcineni umphakathni uzobe udinga usizo."



# — UMYALEZO — WEMEYA



**N**JENGAZO zonke izingxene zezwe uMsunduzi nyakenye ubone lukhulu. Ukuvela kwezindaba zokhuvethu nokuqhamuke ngesinye sezakhamu ezingaphansi koMkhandlu omkhulu uMgungundlovu nesingaphansi kwavo kwenze kwaba nenjolozela kithi.

Akugcina lapho kepha ukukhula kwezibalo zabathintekile endaweni nobudedengu kwezinye sezakhamu kwenze ngisho uHulumeni wesifundazwe nokazwelone wabheka uMsunduzi njengendawo engaphetha uma abantu bengaguquki, eyisidleke zokhuvethu.

Izibalo ezikhishwe yizinhlangano ezahlukene ngomthelela wokhuvethu zifake uMsunduzi njengenye yezdindawo lapho kunezibazi eziponakalayo zokhuvethu. Ngenxa yalokhu ingxene ethize yezakhamu zaseMsunduzi ilahlekew yimisebenzi nenzuzu, iminden ethize iswele okuya ngasethunjini.

Lezi ngezinye zezbazi eziponakalayo nezinomthelela emphakathini waseMsunduzi.

Noma kusekhona ukukhuluma kube ngenxa yemikhankaso eyahlukene ebiholwa uMasipala kanye nezinye izinhlaka zikaHulumeni kanye nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukaHulumeni.

Ukuhlanza kwerenki nobekuholwa yiMeya uThebolla, ukwakhiwa kwestibhledela esiphuthumayo nesizonakekela abaphethwe wukhuvethu, imikhankaso eyahlukene yokuqwashisa nokunikezela ngezinto zokuvikela ibe yikhulabo ekutheni lo mkhulane ungabhebhetheki.

Nokho ukumenyezelwa kwezindaba zokuthi sekukhona umlenze wesibla wokhuvethu nokuthiwa uyingozi kunowokuqala kukhomba isidingo sokuba uMsunduzi uzhilele kabusha ukubhekana nenselelo entsha.

### Ukusilela kokuletha izidinqongqangi

Ngaphandle kokubhedula kokhuvethu noMasipala nawo ube nezawo izingqinamba. Ezinye zingenxa yomlando omdala kunobuholi obukhona, kupolitiki nakwezokuphatha.

Khona lapho ezinye izinselelo ezintsha. Uda lokuhlanza kwedobobha okungelona nje kuperela elabantu baseMsunduzi kepha eliyinhlokodolobha yabantu baKwaZulu-Natal, luyakhathaza. Ukugxeka okufanele kuyaba kuMasipala kakhulu izisabenzi kokunye nakubo ubuholi. Nokho okunye ukugxeka kukozo izakhamu ngoba imfucuza lena iwumphumela wabantu abalahla udoti lapho kungafanele khona.

Phezu kwemikhankaso eyahlukene eminye eholwa uMasipala kanye naleyo eholwa yizakhamu nezinhlangano ezizimele, lesi simo siyaqhubeaka nokuba yichashaza elibi. Okusobala wukuthi phezu kwemali nezisabenzi ezingacoshia udoti okunye okumqoka nokungaba yisixazululo, yisimomqondo salabo abalahla udoti lapho kungafanele khona.

Uda lokubhedula komlilo endaweni yokulahlia imfucuza liyiva okuselukhuni nalo ukulibangula. Lolu daba ludala futhi sekukhunywe kaningana ngalo kakhulu.

Okwenzakalayo akuphazamisi

kuphela impilo kepha kwemuka ilungelo lokuphila ngaphansi kwendawo ehlanzekile njengoba kuqoshwe kuMthethosisekelo wezwe. Khona lapho kusobala ukuthi uma lololo daba lungaphothulwa ikhona ingozi elengela imvume yokulawula imfucuza.

Isixazululo kulokhu simqoka futhi siyaphuthuma ngoba wudaba oluthinta ilungelo elimqoka kuMthethosisekelo.

### Isimo sezimali

Sekuyisikhathi esijana uMasipala uMsunduzi ubhekene nezinkinga sezimali. Njengoba kuvelile embikweni eyahlukene lesi simo sidala yizinto ezahlukene, kusuka ekungaphathweni kahle kwezimali kanye nengqinamba yezakhamu ezelhukelayo ukukhokhela izinsiza genxa phakathi kokunye isimo somnotho.

Iqiniso lithi noma yimuphi umasipala uphila ngezimali ozithola kuzo izakhamu ngakho uma kungangeni lutho noma okwanele uMasipala uzithola ukuzo zonke izinkinga okubandakanya nokwehluleka ukwenza ezinye

izidingo ezimqoka. Ngenxa yalesi simo akwethusanga uma iMeneja kaMasipala esigabeni sokugcina sonyaka yenza isethulo nayilapho inxuse khona ukuthi isimo sezimali soMkhandlu sithathwe njengesiyinhlekele. Akukho ukungabaza ukuthi esimweni esejwayelekile lesi sethulo sikaKhathide asisihle kepha okwamanje akukho okwejwayelekile ngoMsunduzi. Phezu kwalesi simo ubuholi nhlangothi zombili, obepolitiki kanye nezisabenzi bulala bungalele bakha ikhambi. Ababodwa kule mizamo ngoba noHulumeni wesifundazwe ukhona ukwelekelela inhlukodolobha.

Inselele kuMasipala kanye nomphakathi jikelele wukuqhamuka neqhangasu kanjalo nohlelo lokubambisana. Unyaka omusha wezi-2021 uyithuba eliyinqayizivele lokubambisana okunezithelo. Lokhu kuyokwenzeka uma zonke izinhlaka zithembana futhi zamukela ukuthi akekho umuntu ovela kwenye indawo ongaqhamuka nesizazululo sangunaphakade kepha ngabaseMsunduzi abangenza lokho.

## INDONSAMEHLO YASEMGUNGUNDLOVU

### EZOKUVAKASHA NOKUNGCEBELEKA KUMASIPALA UMSUNDUZI



Ihlo ledolobha uMgungundlovu okuyiPietermaritzburg City Hall okwaziwa ukuthi isakhiwo sezitini esikhulu eningizimu yomhlaba lithe shaye enkaben yaleli dolobha. Lesi sakhiwo siyisikhumbuzo sesizwe futhi siyisakhiwo esihlelokwakha lukaVictoria, esinombhoshongo wensimbi ongama-47m. Lakhiwe ngowe-1893 kanti lake kacekelwa phansi umlilo ngowe-1895, labuye lavuselelwa emveni kweminyaka eyisithupha. Uma ungena ehhola, ubona ingadlangadla yogubhu lwezimpempe olungolukhulu eningizimu yomhlaba. Emagcekeni ePietermaritzburg City Hall kume umbayimbayi ongama-5.5kg owaziwa nge-One O'Clock Gun ngakho ukuthi nsukuzonke ngaphandle kweSonto uyadubula ngehora lokuqala.

### ISIKHUMBUZO SIKAZWELONKE



Unothile umlando kambayimbayi owawukhona ngowe-1840 emkhunjini iHMS Fawn. Lo mkhumbi wawenza umsebenzi onobulungiswa wokubamba imikhumbi ethwala izigqila bese ukhulula abathunjiwe kwaze kube kuyaphela ukuhweba ngabantu.

**Bathinte** kwaPietermaritzburg City Hall, Chief Albert Luthuli Street, Pietermaritzburg, 3201, ngocingo ku: 033 392 3000 isikhathi 8H00 kuya ku-17H00

### ISIGCINAMAGUGU SOMSUNDUZI / ISIGCINAMAGUGU IVOORTREKKER



Igama lesiBhunu/lesiDashi elithi Voortrekkers lisho amavulandela kodwa uma lizimeli nje lisho 'abaseqhulwini.' UFuduko lusoh izinkambo zezinkumbi ezinhlanu zamavulandela amaBhunu angezwananga nombuso wamaNgisi waseCape Colony, ezafulukela maphakathi neNingizimu Afrika ngenqola yezinkabi kusukela ngowe-1835 aze azinza ePietermaritzburg beyithopha nge'Republica of Natalia' ngowe-1939. Isigcinamagugu sakhiwa ngowe-1912 njengophawu lokuhlonipha amaVoortrekker. Umlando wamaVoortrekker ugxitliswe ezakhiweni zamaVoortrekker okuyiSonto Lesifungo, iNdlu i-Andries Pretorius kanye ne-E.G. Extension.

**Bathinte:** Ikhele: 351 Langalibalele St, Pietermaritzburg, 3201. Kuvulwa ngele08h00 kuvalwe ngele16h00; Ucingo 033 394 6834

# INDONSAMEHLO YASEMGUNGUNDLOVU

## ISIGCINAMAGUGU SAKWAZULU-NATAL



**Thinta:** Ikheli: 237  
Jabu Ndlovu St,  
Pietermaritzburg, 3201.  
uMsombuluko kuya  
kuLwesihlanu 08h15  
kuya kwele-16h30;  
ngogqibelo 09h00  
kuya kwele-16h00  
ngesonto ngele-10h00  
kuya kwele-15h00;  
Ucingo: 033 345 1404

Isigcinamagugu saKwaZulu-Natal siyingxene yeNatal Society kusukela sisungulwa ngowe-1851. Ngowe-1902 iSigcinamagugu saba yisakhiwo esizimile kwase kwakhiwa ibhilidi elisha kule ndawo esikuyo kumanje.

iSigcinamagugu savulwa mhlala zingama-30 kuLwezi ngowe-1904 manje sesiyikhaya lapho kuqokelelwa khona amagugu asemqoka eNingizimu Afrika. Lesi Siginamagugu singesikhulu sesizwe esikwazulu-Natal futhi sizinikele ekuqokeleleni, ukulondoloza, ukucwaninga nokuhangisa ngezinto zamasiko nezesayensi, sigxile kuSayensi Yemvelo Neyabantu.

## ISAKHIWO SEMIBUKISO YOBUCIKO ITATHAM



**Thinta:** Tatham Art  
Gallery P.O. Box 321  
Pietermaritzburg 3200  
South Africa Ucingo  
+27 33 392 2812 Ifekisi:  
+27 33 394 9831  
www.tatham.org.za

Isakhiwo Semibukiso Yobuciko iTatham singesinye esisemgoka kuzigcincinamagugu eNingizimu Afrika kusuka ngowe-1903. Sizinze ePietermaritzburg enhlokodoloba yaKwaZulu-Natal. Isakhiwo Semibukiso Yobuciko iTatham sihlinzeka uMsunduzi ngokusebenzisa uBuciko Obubonwayo. Isakhiwo Semibukiso Yobuciko iTatham samukela iMibukiso Yobuciko enhlobonhlobo. Lokhu kufaka ezokuvakasha nemibukiso ecwaningiwe nemibukiso esungulwe yiSakhiwo Semibukiso ngemisebenzi yobuciko eqqoelwe ikade. Umsebenzi omkhulu weSakhiwo Semibukiso Yobuciko iTatham ukubukisa ngobuciko. Lokhu kuzuzwa ngokuhela nokwamukela imibukiso yesikhashana kanye nezinguquko ezindaweni zemibukiso yakade.

## ISIVANDE SEZIMILA SASEPIETERMARITZBURG IDOLOBHAKAZI LEZIMBALI



**Thinta:** Pietermaritzburg Botanical Gardens, Mayor's Walk, Pietermaritzburg 3201, Natal Midlands, KwaZulu-Natal. Nsuku zonke ngele-08h00 kuya kwele-17h30. Ucingo +27 33 344 3585.

Leli dolobha alaziwa ngokuthi iDolobhakazi Lezimbali mahhala, izingadi zabantu namapaki omphakathi ePietermaritzburg kukhephuzela izimila nezimbali zezikathhi zonyaka ikahkulazi amabougvilla amelana nokushisa okukhulu kule ngxenye yomhlaba. Kuhle ukuthi esinye sezivande zeziswe ezinhle kakhalu sithe twa enkabenzi yedolobha. Izivande zaqala ukulinywa ngowe-1870 futhi okwakunesidingo sokuthi kugxilwe ekongiweni nasekusabaliseni izithalzo ezingandile nezisebungozini bukushabala kanye nokuilinywa kwamadleo ogo olusempumalanga. iSivande Semvelo sasePietermaritzburg sidume ngomhubhemthilileko omude wezihlahla ezijwayelekile ezatshalwa ngowe-1908 kuthi ekugcineni kwavo ugabaze ngomboshongho wensimbi ohlala insimbi yomkhumbi iHMS Princess owawugitshelwe iNkosi uGeorge V inqamula umgudu ngowe-1918. Kukhona futhi nesivande samayeza sezihlaha zemithi zendalo esizungeze uguqasithandaze, kube nemendo emihle eminingi engqamula imfunda nehlathi lendalo kanye nohlelo oludumile lohambo olulawulwayo. Amapikiniki, imgacago nemicimbi kuvunyelwe.

## IKHASINO YETSOGO SUN



**Imininingwane yokuxhumana:**  
Ikheli: 45 New England Rd, Scottsville, Pietermaritzburg, 3201  
Ivula ngo 8:00 ekuseni. Ivale ngo 11:45 ebusuk. Tel: 033 395 8000

iGolden Horse ingenye yamakhlasino, yakhiwe eMgungundlovu. Le khasino inezinto eziningi zokungcebeleka. Inemibukiso eyahlukahlukene futhi ingenye yamakhlasino amabili kuphele emhlabeni akhiwe enkundleni yamahhashi. Kumeshini yokugembula engama-450, amatafula angama-20 kanti iRosewood Room yona ibekelwe abagembuli bezinga eliphezulu. Kunezindawo ezahlukene zokudla ezipfana neRockafella – iGrand Buffet ne Restaurant eyakhiwe eduze komzila okugijima kuwo amahhashi, ingamumatha izivakashi ezili-120 futhi ilungele noma yiluphi uhlolo lomcimbi. Kunezindawo zokulala ezipfambili njengeGolden Horse Hotel.

## ISCOTTSVILLE RACE COURSE



**Imininingwane yokuxhumana:**  
45 New England Rd, Scottsville, Pietermaritzburg 3201  
Ucingo: 033 395 8000

iHollywood Bets Scottsville Racecourse yakhiwe eMgungundlovu eKomkhulu leKwaZulu-Natal. Uma uyakhona usuka eThekwini uba nohambo olumnandi olukukhombisa ubuhle bemvelo oluthatha imizulu engama-50. Lo mgudu wokugijima amahhashi uyisidla, ubi yindingiliza bese ubalebla kumamitha ayizi-2300 uma uzungeza, bese uba nejika elisasebe ukwenzela ukuthi amahhashi angene kahle ebangeni lokugcina elingamamitha angama- 550. iHollywood Bets Scottsville inanenkundla engamamitha ayi-1200 eqondile. iGolden Horse Casino inamatheliswe ngamabomu emhlane weggrandstand ukuvumela amakhasimende ekhasino nawomjaho ukuthi akwazi ukungena kulezi zindawo ezakhelene. iHollywood Bets Scottsville inezindawo zesimanjanemanje eziqinisekisa ukunethenzeza izinga eliphezulu nokuzizwa ufudume. Izivakashi zingakhetha kweziningi izindawo zokudla nezokucima ukoma ezingahlala kuzo zibukele imijaho yezinga eliphezulu.

## ICOMRADES MARATHON HOUSE



**Imininingwane yokuxhumana:**  
18 Connaught Rd Scottsville, Pietermaritzburg KwaZulu Natal South Africa 3201  
Ivula ngoMsombuluko kuLwesihlanu Izikhathi: 8:00-16:30 Ucingo: 033 897 8650 Email: info@comrades.com

Indlu endala yezikhathi zikaVictoria evuselelw iqukethe umlando nezinto ezimele umjaho omdala olukhuni kunayoyonke. iMarathon House iyikomkhulu leComrades Marathon kanye nesigcincinamagugu somlando walo mjaho nabavakashi baso. Izithombe zomlando zixoxa indaba ngokuhlanganyela komhlaba okwaqalwa ngonyaka we-1921 yinkakha yeWorld War 1 uVic Clapman, njengendlela ykubungaza amasosa aseNingizimu Afrika alahlekewa yizimpilo zayo ngeMpi Enkulu (1914-1918). Ubungane obenzenka kulo mjaho olinguiselwa kumakhilomitha angama-90 bakha ubumbano kubantu baseNingizimu Afrika ababukela kuthelevishini noma ababukeli enkundleni noma abasubathi.

## I-ALEXANDRA PARK



**Imininingwane yokuxhumana:**  
Pelham, Pietermaritzburg Ivula amahora angama-24 Support services office; 7:30 – 16:30 (033 392 3510)

i-Alexandra Park ingenye yezindawo eziluhlaza ezenza iPietermaritzburg yaziwe njengeGarden City. Le paki yasungulwa ngowe-1863 kanti iqanjwe ngeQueen Alexandra oyawengunkosikazi ka-Edward WesiKhombisa. i-Alexandra Park iyisidleke seminyakazo eminingi efana namabhayisikili, ukugijima. Ehlobo le paki isetshenziswa njengendawo yemindeni nabangane lapho benzela khona amaphikinikhi. Kunendawo encane ebekelwe izingane. i-Alexandra Park ingamahakela angama-85 besi iba nomfula uMsunduzi lapho khona kudlalwa umdlalo wezikebhe ezigwedlwayo odumile, uphinde ibe yilapho kuqala khona imijaho eminingi kuleli dolobhakazi.

**Izinto ezenziwayo:**  
Ezikanobhutshuwayo – (Harry Gwala stadium), Ihokhi – (AB Jackson hockey field), iBowling – (Alexandra Bowling Green), Amabhayisikili eBMX – (International track constructed on Anderson grounds), Ezokubhukuda – Alexandra Pool, Ezezikebhe ezigwedlwayo - Camps Drift, Ezamabhayisikili – Sax Young Track

## EBISLEY VALLEY NATURE RESERVE



**Imininingwane yokuxhumana:**  
411 Boom Street Pietermaritzburg 3201 Chris Metherell Ucingo: (033) 392 3242/1 Ifekisi: (033) 342 7107 Chris.metherell@msunduzi.gov.za

iBisley Valley Nature Reserve isentshonalanga yoMgungundlovu emgwageni uMurray uma ubheke eMkhondeni kanti ayaziwa ngisho kubahlali. iBisley Valley Reserve ingamahakela angama-350 igcweli ezihlahla ezinameva notshani, okwenza ilungele labo abathanda ukusondelana nemvelo bengasukile ngasemakhaya.

**Izinto ezenziwayo:**  
Ziningi izindawo lapha zemvelo kubalwa utshani, izihlahla namafokozi. Yindawo okulula ukuyihamba, inezinyoni, izindululamithi namadube. Kunendawo enhle yokwenza iphikhinikhi, inezindawo zokosa. Kungenwa mahhala.

## IQUEEN ELIZABETH NATURE RESERVE



**Imininingwane yokuxhumana:**  
1 Peter Brown Dr, Town Bush Valley, Pietermaritzburg, 3202 Ivula 08:00 ekuseni, Ivale 4:30 ntambama Ucingo: 033 845 1000

Isendaweni yaseHilton, emimangweni esenyakatho noMgungundlovu. Le ndawo yemvelo yikhaya lezilwane nezitshalo eziningi kubalwa impala, iblesbok, idube, iNyoni, iduiker eluhlaza okwesibhakabhaka nempunga, amadasies, nensingizi.

### Izinto ezenziwayo

Ipaki ayilona nje yikhaya lalezilwane eseziyalive, iphindie ibe yikhaya lezitshalo eziyiminsinsi yokuzimile njengecycad nezinye ezivikelwe wumthetho. Kunezindawo ezintathu zokwenza amaphikinikhi ezinezindawo zokosa nezokuzikhulula. Kunanesikhungo esincane esifundisa ngezemvelo unyaka wonke.

## ISITESHI SASEMGUNGUNDLOVU



**Imininingwane yokuxhumana:**  
Pietermaritzburg Railway Station, Railway Street, Pietermaritzburg, 3201 Ivulwa iviki lonke.

iPietermaritzburg Railway Station yisiteshi sesitimela esikhulu sedolobhakazi laseMgungundlovu. Sisemigwageni uRailway noPine ekhoneni eliseNingizimu neNtshonalanga neNkaba yeDolobha. Isiteshi kulapho kuma khona isitmelia esiske siwendeleni eya eKapa naseGoli, iShosholoza Meyl. Lesi siteshi siphethwe yiShosholoza Meyl eyingxene yePassenger Rail Agency of South Africa, ithutha abagibili abayizigidi ezi-4 ngonyaka. Isakhiwo salesi siteshi siwuholo lukaVictoria bese sigqanyiswa yizitini ezbomvu nemihlobiso.

## IHHOLO IMANAYE



**Imininingwane yokuxhumana:**  
1048 Mhlonholo Rd, Edendale Cc, Pietermaritzburg, 3217

iHholo iManaye eMbalu liyisikhumbuso njengendawo okwabanjelwa kuyo INkomfa i-All-in-Africa eMbalu mhla zingama-25 kuNdola ngowe-1961. EManaye yilapho uMandela athula khona inkulomo wahlabo iKhwelo lokuthi: Ivti elioloda kumuntu nomuntu, okuyilungelo eselitholakala namhlanje. UMAdiba wakhuphula nogqozi ngesiqubulo esithi Amandla kuBantu. iManaye Hall yanikela umphakathi wamaNdiya ku-ANC ukuze ibambale kuyo inkomfa ye-All-in-Africa ngowe-1961 futhi yaba wuphawu lobumbano phakathi kwezinlhanga ezimbili ukule kulethwe ushntsho. Minyaka yonke kubungazwa lo mlando ngomjaho iMandela Marathon. Leli holo lizokwenzwa isigcincinamagugu.

## IJELE LAKUDALA



**Imininingwane yokuxhumana:**  
4 Burger street Pietermaritzburg 3201 Ucingo: 033 845 0400

Ijele Elidala elangezhithi zamaVoortrekker okwakuwukufuduka kwamaBhunu ayesuka eKapa. Lineminyaka engapezelu kwe-150, kusukela ngezikathhi zamakolonalni, ubandlululo, umzabalazo nokufika kwentando yeningi ngowe-1994. Lesi siza sahlonzwa ngowe-1862, isakhiwo esiyikhumbuso yiso isakhiwo sokuqala. Ezinye izakhiwo zakhiwa kamava, kubandakanaya nalapho kwakulengiswa khona ababegwethswi intambo, ingxene yeziboshwa ezimhlophe, isibhedlela nokunye. Abanigi ababelwela inkululeko bagcinwa kuleli jeles ngesikhathi somzabalazo eNingizimu Afrika. Lapha kwagcinwa abantu abanigi abahlolishwa umhlaba wonke nabangamaqhawe asebebe nomthelela omkhulu ezipmlipeni zethu.

**Imali yokungena:** Abadala: R20; Abahola impesheni: R10; Izingane: R5 Ngomsombuluko kuya kuLwesihlanu: 8 ekuseni kuya ku-4 ntambama Ngogqibelo: 9 ekuseni kuya ku-1 ntambama; Ngesonto: 10 ekuseni kuya ku-2 ntambama.

# Inkinga yendawo yemfucuza eMsunduzi ingaxazululeka kungekudala

**nguSiyethaba Mhlongo**

NDAWO yokulahla imfucuza enkulukazi eMgungundlovu, iNew England Road Landfill Site, isibe sezindabeni ngezigigaba eziningi zokuqbuka komlilo, inhlokodolobha igcwala intuthu.

ISikhulu Eshiphezulu sophiko olubhekele imfucuza kuMasipala uMsunduzi, uMnu uWilson Mhlongo (osesithombeni), silandise iBAYEDE negezindlela zabo zokubhekana nezinkhinga ezihlasele le ndawo.

UMhlongo udwebe isithombe sokuthi okwamanje uMasipala usuyakwazi ukulandela imigudu ebekwe ilayisense okumele usebenze ngaphansi kwayo. Lapho kuhulunyuwa ngokusebenza kwemihla ngemihla. "Sikwazile ukuthi siwuMasipala silungise iSigaba 4.1.1 esikhishwe ngaphansi kweSigaba 31 kuMthetho 107 we-1998 obhekele ukuhlangabezana nezinto ngaphansi kwendawo yokulahla imfucuza. Ukuphuma kwale newadi kungoba uMsunduzi wawehluleka ukuhlangabezana nemigudu okumele uMasipala usebenze ngayo ukuze ukusebenza kwale ndawo kube ngokuhlangabezana nomthetho," kusho uMhlongo.

Echaza ukuthi le ndawo yokulahla imfucuza kulindeleke ukuba isebezenze isikhathi esingakanani uthe: "Ziyahluka izinto eziphathelene nokuthi indawo yokulahla imfucuza izosebenza isikhathi esingakanani ingakho behlumbisela, eminyakeni edlule kuke kwathiwa ingasebenza imnyaka emi-3, kwaguquka kwaba



Indawo yokulahla imfucuza i-England Landfill Site ekhungethwe yizinkinga eziningana. Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo

eyisi-6. Eyokugcina esiyitholile ithe iminyaka eli-10. Kuzokhumbleka ukuthi kuke kwaba nokusha komlilo ngoNtulikazi, obekusho ukuthi inciphile imfucuza ebikhona esakhweni. Kuzomele ngikucacise ukuthi lokho asikukhuthazi kodwa ezinye zezinto ezenze ukuthi seluleke isikhathi," usho kanje.

Uqhube wathi ilayisense abasebenza ngayo bewuMasipala isalelwé iminyaka eli-10.

"Ngowezi-2027 uma isikhala sisenaso sizofaka isicelo sokwelulwa, uma sesiphelile lokhu kuyobe kuhuluma nalokhu esesiqalile ukukwenza okuwukubheka indawo okuzolahla kuyona. Njengamanje sisohlelweni lokuthola

uchwepheshe ozosenzela lowo msebenzi ebambisene nezisebenzi zethu, bazobe besitholela indawo esesimweni nezohlangabezana nazo zonke izidingo zendawo yokulahla," kusho uMhlongo.

Uqhube wathi njengoba sekuwunyaka wezi-2021 sekuyisikhathi sokuthi uMsunduzi uguqule ukukhuluma, uxile ekutheni indawo izoba kuphi ngoba ngeke baqale ngowezi-2027 ingakho bebukela kude. "Manje kusazofakela amathenda. Kuningi uMasipala osakwenza ukuthola imali ezokwenza lo msebenzi

njengoba kudingeka imali, kungaba esigabeni sokwakhwa kwendawo yokulahla noma ngesikhathi kusabhekwa kuhlolwa umhlaba ukuba usesimweni yini," usho kanje.

Uthe ekutholeni imali, uMasipala uzoyisebeniza nawo eyawo kepha uyakudinga ukuba uthole uxhaso njengoba sezikhona izindawo lapho befake khona isicelo soxaso. "Sisalinde izindawo ezimbili sithole ukuthi isicelo sethu siyaphumelela yini. Le mali izosiza ekutheni kulandelwe imigudu, njengokuhlonza ukuthi kuzoba indawo yokulahla enjani

nokuthi kuzolahla nhloboni yemfucuza, kuya ekuthengweni komhlaba, nokuthi kungabi indawo esondeleno nabantu njengoba sinenkinga yokuthi le ekhona isondeleno nomphakathi," kusho uMhlongo.

Uthe sekusungulwe ikomiti elizoqala libhekane nezinkhinga ezikhungethe le ndawo, okungeminye yemibandela okumele basebenze ngaphansi kwayo. UMhlongo uthe leli komiti lakkha izinhlaka ezahlukene, ikakhulukazi abantu abathintekayo ngobukhona bale ndawo, bese kuge uMnyango Wezemvelo, njengoba beqikelela ukuthi leli komiti liyawenza yini umsebenzi walo.



**UGUQUKO NGAMAGAMA EZINDAWO**

## Seluqualile uhlelo lokuqamba izindawo kabusha

**nguSiyethaba Mhlongo**

USihlalo wekomiti lezokuqanjwa kwemigwaqo kanye nezindawo iKhansela uVusi Ntshangase uthu seluqualile uhlelo lokuqanjwa kwezindawo eMsunduzi. "Inhlosi ukulungisa idolobha lethu, ukulungisa imanje kufana nokulungisa ikusasa. Igama lendawo kumele libe isibuko salapho sivela khona, siphinde sikhulumu ngesizukulwane esikhona manje. Ingakho siphinda siqinisekisa ukuthi ukuqanjwa ngokusemthethweni kwezindawo kuyaba ingxene yalolu hlelo," kusho uNtshangase.

Uthe lolu hlelo luhlukaniswe izigaba ezintathu, okwamanje basenza isigaba sokuqala lapho kuzoqanjwa izindawo emawadini u-1, 2, 3, 4, 5, 10, 11, 12, 13, 15, 17, 20, 21, 22 no-23. "Sizonika ithuba izakhamuzi ukuba ziqambe izindawo zazo ngamagama eziwathandayo, Isibonelo ilokishi iMbalu alikho emthethweni lingena ngaphansi kweEdendale, kusemandleni ezakhamuzi ukuqinisekisa ukuthi ziayakufuna yini lokho. Kanjalo naseFrance kanye neThornville, lezo zindawo kuthiwa kuse-Embliton. Lolu hlelo aluzogixa ezindaweni ezazicindezelekile kuhela kepha zonke izindawo ukuqinisekisa ukuthi izakhamuzi ziyawazi umsuka wegama laleyo ndawo."

Uthe ukuqamba kabusha umgwaqo osewaqanjwa ngokusemthethweni kuzoba umqansa ezakhamuzini ngoba kuzomele zithule izizathu ezinqala ukuthi kungani zifuna lelo gama liguqulwe. Izindawo zomphakathi zizoqanjwa nazo njengamapaki, amahholo omphakathi nezinkundla zezemidlalo.

Uthe izakhamuzi zingakwazi ukusebeniza amagama emvelo kungaba izihlahla noma alabo abebeyizakhamuzi ababamba iqhaza elimqoka ekutheni indawo eziyakhele ibe ngcono.

"Kulo nyaka ngabe ubaba uHerry Gwala uqeda imnyaka eli-100, uMsunduzi kumele umhloniphe. KunoDkt uJoshua Radebe oShakes Cele kanye noMichael 'Bhiza' Dlamini ababa ngosaziwayo njengoBhiza nje owedlalela iKaizer Chiefs kudala, oJoe Ngidi ababengabashayisibhakela abahlonishwayo," usho kanje.

Uthe lolu hlelo luzokwenza ukuthi kube lula abantu babe namakheli, luzosiza ukuhambisa intuthuko ngokushesha emphakathini. "UMasipala ukweletwa imali engapezu kwezigidi ezingama-R40 imizi yabantu, abanye bazimisele ukwelekelela uMasipala ukukhokhela izinsiza abazitholayo kodwa asikwazi ukubathumelela izincwadi zokuthi bakweleta malini ngoba abanawo amakheli," kusho yena.

Uthe lolu hlelo aluzobasiza kuphela kepha zonke izindawo ukuqinisekisa ukuthi izakhamuzi ziyawazi umsuka wegama laleyo ndawo."

Uthe ukuqamba kabusha kuphela ukuthi baqoqe imali



UMnu uSiwelite Zimu (Isithombe: nguNokuthula Khanyile)

eyizigidi ezingama-R900 uMasipala okweletwa yona izakhamuzi namabhizinisi kepha kuzophinda kubalekelela ukuoqa njalo ngenyanga. "Imizi eminingi yayinamabhokisi e-Edendale kanye naseMbalu kodwa acekelwa phansi. Njengamanje kunemiphakathi engakwazi ukuthenga balethelwe ngoba abanawo amakheli aqondile, sivala leli gebe lokuba namazwe amabili edolobheni elilodwa," kusho uNtshangase.

Uthe emveni kokuba amalungu

ukubonakala ukuthi kukhulunyuwa ngayiphi. Akudingi ukuthi uze ube ngaphansi kweqembu elithile ukuze wenze isiphakamiso kepha kumele ubi isakhamuzi kuphela."

Uqhube wathi: "Sinenkinga yezinewadi ezbihuya kwaMasipala ngoba kungekho amakheli aqondile. Lo msebenzi usuwonke uzodinga imali engangezigidu ezi-R2. Sihlose ukuqoqa lezi zigidi ezingama-R900 sisebenzise izigidi ezi-R2. Lolu hlelo lungolunye Iwamaghingas uMasipala oqhamuka nawo ukuqoqa imali. Siphinde siphendule ezikhaweni zokuthi ezinye izakhamuzi azikwazi ukuthenga ku-ntanethi (online) ngoba azinawo amakheli," kusho uZimu.

Obemele iKhomishini Yohetho eNingizimu i-IEC uNks uGugu Memela uthe: "Kade sigiqqa izinkantolo genxa yamakheli angalungile uthole ukuthi sithe uhlala eduze kwento ethize kodwa uthole ukuthi kuneminye imizi elhukanise lowo muzi naleyo nto. Lolu hlelo luzolekelela ukuthi sibe namakheli aqondile, siphinde silungise imininingwano. Emizini eyi-346 540 eseMsunduzi engama-20% ayinawo amakheli aqondile. Manje sesithumela enkantolo ukuthi sisebenzisane noMasipala ukusebenza udaba Iwamakheli. Uma senza imingcele yamawadi siye sisebenzise imigwaqokanye nomuzi ngakho-ke lolu hlelo luzokwenza kuge ukuqamba kabusha kuhlu-

# UMsunduzi awusali kwezamalungelo

**nguSiyethaba Mhlongo**

**U**MSUNDUZI awuzibekile phansi ngamalungelo oluntu. Phakathi kweminye imikhankaso UMsunduzi wazibandakan emkhankasweni we-16 Days of Activism Against Abuse of Women and Children uholwa obhekele ukusebenza kweSifunda uMgungundlovu uMhlonishwa uRavi Pillay.

UMLhlonishwa uPillay echaza ukufika kwake eMsunduzi uthe: "NjengoHulumeni wesifundazwe sihlanganyela nomhlaba wonke ukuzoqinisekisa ukuthi nathi sihlaba ikhwela kulo mkhankaso oqutshwa umhlaba wonke. UNdunankulu, uSihle Zikalala, usiyalele ukuba siqale lo mkhankaso ezifundeni lapho singoshampeni khona."

Uthe njengobhe lesi sifunda unqume ukuyoba yingxene yalo mkhankaso enhloko dolobha yesifundazwe. Uthe leli dolobha lingamanye lamadolobha anezibalo eziphezelu esifundazweni ikwaZulu Natal. "Isiteshi samaphoyisa iPlessislaer sihamba phambili ngamacala okuhlukumeza okuhlobene nobulili esifundazweni," usho kanje.

Uqhube ngokuthi kuyamujabulisa ukuthi kunezihlaka zasempakathini eMsunduzi ezibhekana ngqo nokuhlukumeza ngokobulili.

"Lokhu kuyasijabulisa ngoba kumele sisebenzane kulento yokuhlukunyeza kwabesimame kanye nezingane, nalezi zinhlaka okuyizo ezisekhaleni emphakathini futhi ezaziyo ukuthi kuqhukubani emphakathi yazo," kusho uPillay.

Isiqubulo sonyaka besithi: "Economic Justice for Non-Violent and Non-Sexist South Africa" okunyshawa ngokuthi ubulungiswa kwezomnotho, obungenadlame futhi obungawasi ngokobulili eNingizimu Afrika.

Echaza ngalesi siqubulu uthe:



**UMphathiswa uRavi Pillay neMeya uMzimkhulu Thebolla behola inhlabaluhide yokuqhakambisa amalungelo** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

"Le 16 Days of Activism igxile ebungisweni kubantu besimame, kuqiniswe ukwesekwa kwabo ngezinhele ezizobafaka emnothweni. Lokhu sizokwenza ngokuhlanganyela nabezimoni abazimele noHulumeni." Uthe bayakhola ukuthi uma bengafukula abesifazane babafake emnothweni zingancipha izibalo eziphezelu zokuhlukunyeza kwabo ngoba abakwazi ukuphuma ebudlewaneni obuhlukumezayo ngoba bancikile ngeke bakwazi ukuziphilisa.

"Izibalo zokuhlukunyeza kwabesifazane zikhuphuke kakhulu

ngesikhathi semvalelwakhaya lapho bebeshaywa, behlkunyeza ngokwamazwi, bedlwengulwa kanye nangezimali lapho bedinga ukudla ukuze baphile," kusho yena.

Uqhube wathi: "Ngalezi zinhlelo esinazo sihloce ukufukula abantu besifazane ngokomnotho. Lokhu sikwenza ngoba ngesikhathi sobandlululo abesimame bahlikumezeka kathathu lapho becwaswa ngokobuhlanga, ubulili nangokwezinga."

Uphethe ngokuthi wonke umuntu oyisakhamuzi saseNingizimu Afrika uneqhaza akumele alibambe

ukuvikela abesimame nezingane.

"Sifisa ukugugquzelu nalabo abasekhale ni jengamaphoyisa, abahlengikazi ukuthi babe nendima enkulu abayiklamayo ukuvikela izisulu, asebekwenzile bajze."

IMeya yoMsunduzi u uMzimkhulu Thebolla ithe: "Namhlanje (mhla zingama-25 kuLwezi) siqeda imnyka engama 22 kwaqala lo mkhankaso olwisa nokuhlukunyeza kwabantwana nabesifazane. Lapha eMsunduzi sesikubonile ukuhlukunyeza kwabantu besifazane. Njengobuholi sizozeneka izinhlelo zokulwisa

nalesi sihlava. Asiziqhenyi ukuthi uMsunduzi ubalwa namanye amadolobha ali-10 ahamba phambili ngezibalo zokuhlukunyeza kwabesifazane, bese ulala isithathu esifundazweni. Akusijabulisi ukuthi uma ukhipha igama Sweetwaters emcabangweni kufika ukuhlukunyeza kwabesifazane."

Iphethe ngokuthi le mikhankaso eMsunduzi bazoyiqhuba kakulu ezindaweni zasemakhaya ngoba izona okubukeka izibalo zikhula khona ngokubenzisana nezinduna, ubuholi bamabutho kanye nezinduna zezinsizwa.

## EZEMPILO

# Ukhuvetho: KwaMafunze bamukela izivikeli

**nguSiyethaba Mhlongo**

UMNYANGO Wezezimali esifundazweni unikele ngezivikeli emphakathini waKwaMafunze oholwa iNkosi uMaviyo Ngcobo. Indawo yaKwaMafunze yakhelwe izigodi ezili-16 kanti inamalungu oMkhandlu ali-120 amanye amalungu okuzinduna ezili-16.

Ngenkathi iNkosi uNgcobo ilandisa ukuthi bazicela kanjani lezi zivekili ithe: "Amalungu oMkhandlu azisa omunye wezisebenzi zoMnyango Wezezimali ohlala endaweni ukuthi acela abacelele kuMphathiswa izivekeli ukuze indawo yaKwaMafunze ingazitholi isibalwa nezinye ezinesibalo esiphuzulu sokhuvetho."

INkosi ithe isizathu sokucela lezi zivikeli ukuthi kunemicimbi emningi ababona iqhubeka endaweni ngaphansi kwesigaba sokuqala semvalelwakhaya abangafisi ukuthi iphenduke ibe isiphethu sokubhebhethuka kokhuvetho emphakathini. "Lezi zivikeli sizozisebenzia uma kunemengcwabo noma kunomuzi ohlabile ngoba amalungu omphakathi aba yingxene yaleyo micimbi. Kuzoba umsebenzi wezinduna ukuqikelela ukuthi umphakathi wazo uvikelekile njengoba uHulumeni usuqinisekisile

ukuthi uyashilinze ka ngalezi zivikeli," kusho iNkosi uNgcobo.

Ukwamukela lezi zivikeli bekuthanyelwe ngamalungu oMkhandlu, iKhansela lewadi, uMeya woMsunduzi iKhansela uMzimkhulu Thebolla kanye noMphathiswa Wezezimali esifundazweni ngaleso sikhathi uMhlonishwa uRavi Pillay.

INkosi uNgcobo ibe isinxusa amalungu ekomiti ukuthi adlulise abakhala ngakho kule ndawo yaKwaMafunze.

UPillay ubethwele izigqoko ezimbili kulo mhlango esokuba Mphathiswa nesokuba ngojutshwe ukubhekelela ukusebenza kwesifunda uMgungundlovu. Kulesi sigqoko sokuba nguShampeni wesifunda ilapho abelindele ukuzwa izikhalo zakule ndawo yeNkosi uNgcobo.

UPillay ubonge ukwamukelwa iNkosi uNgcobo esizweni sayo, waqhakambisa indlela abasaziphetho ngayo kule ndawo yeNkosi nendlela abahambisa ngayo izikhala zabo ngokuthi iba nesizotha.

"Indlela enisebenza ngayo kulesi sizwe nenza ukuthi kube nobudlelwane obumqoka noHulumeni," kusho uPillay.

Ube esezechela uMkhandlu indlela uMnyango Wezezimali osebenza ngayo.



**UMeya uThebolla noMphathiswa uPillay bethula umnikelo wezivikeli** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

Uthe umsebenzi woMnyango ukhulola ukuthi imali isetshenziswe ngendlela yini.

"Muncane umsebenzi woMnyango owenzayo ongowokuhambisa izinsiza emphakathini. Ngicela uMkhandlu wazi ukuthi kuwumsebenzi wenu ukuvikela izinsiza zikaHulumeni emphakathini," kusho yena.

Uthe indlela uHulumeni olawula ngayo uKhuvetho kuleli lizwe ubona

usahambisana kahle. "Ukulwa akukapheli... Lokhu esikuletha lapha ingoba siqakambisa ubuhlakani benu njengobuholi okuyibo obusemphakathini ngempela. Siyajabula ukuthi ubuholi bomdabu buyabubona ubumqoka balezi zinsiza emphakathini yazo. SiwuHulumeni asikwazi ukugugquzelu bese singeseki lapho kumele seseke khona," usho kanje.

Ube eseewashisa uMkhandlu

ngomnotho wakuleli.

Uqale wazisa uMkhandlu ukuthi uNdunankulu uSihle Zikalala basebenza kanzima ukulungisa udaba lomnotho wakulesi sifundazwe. Uthe maduzane uNdunankulu uzokhuluma nesifundazwe ukuba bazobalekelela kanjani.

"UHulumeni ngeke ukwazi ukunikeza imali yesibonelelo sabangasebenzi engama-R350 ngaso sonke isikhathi ingakho kumele kwakhwi umnotho wakuleli," kusho uPillay.

Uthe ukufika KwaMafunze ubonile ukuthi alikho iqhaza abalibambayo emnothweni, ingakho lokho kumele kuguqulwe. Ube esethi lokho kuqala ngokuthi lesi sizwe sibambe iqhaza kwezelimo.

"Endaweni enjengalena kumele nazi ukuthi uToyota ngeke ufile uthi uzokwakha indawo yokukhiqiza kepha kungalinywa kudayiselwe izitolo ukudla. Siyazi nifuyile futhi imfuyo yinhe, lokhu okusho ukuthi ningangena nakule nxenye yempahla idayiswe kwensiwe inkece," usho kanje.

Uphethe ngokuthi ufisa iKwaZulu-Natal ukuthi ihehe abatshalimali.

"Lokhu okwenzeka eMooriver ukushisa amaloli akukuhle esweni labatshalimali," kusho Mhlonishwa uPillay.